

## Isivumelwano Saphakade



---

### ISABATHA NTAMBAMA

#### Funda Kuleliviki:

Eksod. 3:14; Gen. 17:1–6; Gen. 41:45; Dan. 1:7; Gen. 15:7–18; Gen. 17:1–14; Samb. 14:6, 7.

#### Indimana Yekhanda:

“Mina [Nkulunkulu] ngiyakumisa isivumelwano sami phakathi kwami nawe [Abraham], nenzalo yakho emva kwakho ezizukulwaneni zayo, sibe yisivumelwano esiphakade, ngibe nguNkulunkulu wakho nowenzalo yakho emva kwakho” (*Genesis 17:7, RSV*).

**B**angaki abasakhumbula ebuncaneni babo ukugula noma benesibhobo esasibagulisa kakhulu, okwakungaba okubi kakhulu na? Ebusukwini obude bemfiva, sasiye sivuke sibone umama noma ubaba wethu ehlezi esihlalweni eceleni kombhede wethu ekukhanyeni okungagqamile. Kanjalo, ngokwesingathekiso sesintu, uNkulunkulu wahlala eceleni kombhede wezwe elaliguliswa yisono ngenkathi ubumnyana bokuziphatha buqina eminyakeni elandela uZamcolo. Ngalesosizathu, wabiza uAbram futhi wahlela ukusungula ngenceku Yakhe ethembekileyo abantu kubo ayengaphathisa imfundiso yolwazi Ngaye futhi anikeze usindiso. Ngalokho, uNkulunkulu wangena esivumelwaneni noAbrama kanye nenzalo yakhe esagcizelela kabanzi icebo lezulu lokusindisa isintu emiphumeleni yesono. UJehovah wayengeke ayekele umhlaba Wakhe unganakiwe, ikakhulu usesimweni esibucayi. Kuleliviki sizobuka ukwambuleka kwezinye izithembiso zesivumelwano.

**Ukubuka Iviki:** Ngubani igama likaNkulunkulu na? Lichaza ukuthini na? Kuyini ukubaluleka kwamagama uNkulunkulu awasebenzisa ekuzivezeni kuAbram na? Yimaphi amagama awasebenzisa ukuziveza na? Kungani uNkulunkulu aguqula igama likaAbram laba nguAbrahama na? Kungani amagama ebalulekile na? Yimiphi imibandela, noma izibopho, ezazixhumene Nesivumelwano na?

*\*Study this week's lesson to prepare for Sabbath, April 24.*

## U-Yahweh NeSivumelwano SikaAbrahama

“Wayesethi kuye, NginguJehova owakuphumisa e-Uri lamaKaledi ukuba ngikunike lelizwe libe yifa lakho” (Gen. 15:7).

Ngesinye isikhathi amagama afana njengophawu. Aba sezingqondweni zethu kakhulu ngokuhambisana nezimpawu ezithile okuthi uma sizwa igama lezimpawu zifike emiqondweni. Yini efika emqondweni uma, ngokwesibonelo, Ucabanga ngalamagama: Albert Einstein, Martin Luther King Jr., Gandhi, noma u-Dorcas na? Igama ngalinye lihambisana nezimpawu ezithile noma imigomo ethile. Ngezikhathi zeBhayibheli, abantu base-Near East babethathela phezulu okwakuchazwa ngamagama. “AmaHeberu njalo ayecabanga ngamagama njengenkomba yezimpawu ezithile zalowo oqanjwayo, noma imicabango kanye nemizwa yalowo owetha igama, noma izimo ezihambisana nesikhathi igama elaqanjwa ngaso.”—*The SDA Bible Commentary*, vol. 1, p. 523.

Ngenkathi uNkulunkulu engena okokuqala ebudlelaneni besivumelwano noAbram, wazazisa Yena kulengqalabutho ngegama YHWH (elibhalwe JEHOVAH, ngonobumbakazi kwi-KJV [Gen. 15:7] futhi libizwa Yahweh). Ngalokho, uGenesisi 15:7 ufundeka kanje, “Ngingu-YHWH owakukhipha e . . .” Igama YHWH, nakuba livela izikhathi ezungu-6,828 kwiTestamente Elidala, lembozwe yimfihlo. Libukeka liyisimo sesenzo hayah, ‘ukuba,’ uma kunjalo lingachaza, “Ongunaphakade,” “Okhona,” “Okhona NgoKwakhe,” “Ophelele KuYena,” noma “Yena ophila ingunaphakade.” Lezimpawu zobukulunkulu ezibukeka zigcizelelwa yilesisihloko ngezokubakhona ngobuyena kanye nokwethembeka. Zikhomba kuJehovah njengoNkulunkulu ophilayo, Umthombo wempilo, ngokuphikisana noNkulunkulu bezizwe, ababengekho ngaphandle kwemicabango yabakhonzi babo.

UNkulunkulu ngoKwakhe uchaza incazelo ka-Yahweh kuEksodusi 3:14— “Nginguye Eninguye” (RSV, NASB). Lencazelo yethula ubuqiniso bobukhona bukaNkulunkulu obungancike ndawo, ibe futhi incoma ukubusa Kwakhe kwimuva, kwinamuhla, nakwikusasa. U-Yahweh uphinde abe yigama likaNkulunkulu uqobo. Ukukhomba u-Yahweh njengoNginguye owakhipha uAbram ezweni lase-Uri kubhekise kwisimemezero sesivumelwano sikaNkulunkulu kanye naye kuGenesisi 12:1-3. UNkulunkulu ufuna uAbram alazi igama Lakhe, ngoba lelogama lembula ubuyena Bakhe, isimo Sakhe, kanye nesimilo—futhi kulololwazi Singafunda ukwethembela ezithembisweni Zakhe (Hub. 9:10, Hub. 91:14).

**Uma Ucabanga noma uzwa igama u-Yahweh, Yiziphi izimpawu ezifika kalula emqondweni na? Lezo zothando, nokunaka noma lezo zokwesaba, ukuqina kwesandla, kanye nokujezisa na? Yimiphi imicabango ezifikelayo emqondweni ngenkathi Ucabanga ngegama uJesu na?**

## ‘El Shaddai

U-Abrama eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye uJehova wabonakala ku-Abrama, wathi kuye: “NginguNkulunkulu uSomandla; hamba phambi kwami ungenacala” (Gen. 17:1). U-Yahweh wayeseke wabonakala kuAbrahama izikhathi eziningana ngaphambilini (Gen. 12:1, 7; Gen. 13:14; Gen. 15:1, 7, 18). Manje, kwindimana engenhla, u-Yahweh ubonakala kuAbram (“uJehovah wabonakala kuAbram”), ezethula Yena njengo “Nkulunkulu uSomandla”—igama elisetshenziswa kuphela encwadini kaGenesis nakwincwadi kaJobe. Igama “Nkulunkulu Somandla” liqukethe u-‘El, okuyisisekelo segama likaNkulunkulu elisetshenziswa phakathi kwama-Semite. Nakuba incazelo okuyiyona ka-Shaddai kungenasiqiniseko esiphelele ngayo, isihumusho “Somandla” sibukeka kuyisona esifanele kakhulu. (Qhathanisa uIsa. 13:6 noJoweli 1:15.) Umqondo oqinile ekusetshenzisweni kwaleligama kubukeka kuyilowo wokuqhathanisa izikhwepha namandla kaNkulunkulu kanye nobuthakathaka nokuntenga kwesintu.

**Funda uGenesisi 17:1-6, osisiza ukuba sibeke konke kwingqikithi ebanzi. Kungani uJehovah kulesisikhathi efuna ukugcizelela kuAbram amandla Akhe na? Wayethini uNkulunkulu ngokwakuzofuna uAbram athemebele emandleni Akhe na? Buka ikakhulu indimana yesithupha.**

---

Ukukumusha okuqondile kukaGenesisi 17:1-6 kungathi, “UJehovah wabonakala kuAbram, wayesethi, ‘Ngingu-‘El-Shaddai; hamba phambi Kwami, futhi ubengophelele; futhi ngiyakwenza isivumelwano phakathi Kwami nawe, ngikwandise kakhulu . . . . Futhi uyakuba ngubaba wezizwe eziningi, . . . ngiyakwandisa inzalo yakho kakhulu.’ ” Leligama liyavela futhi kuGenesisi 28:3, lapho uIsaka ethi u-‘El-Shaddai uyobusisa uJakobe, andise inzalo yakhe, futhi amandise yena. Isithembiso esifanayo sika-‘El-Shaddai siyatholakala kuGenesisi 35:11, Genesisi 43:14, noGenesisi 49:25, izahluko ezincoma ukwandisa okwenziwa nguNkulunkulu: u-‘El, uNkulunkulu wamandla negunya, no-Shaddai, uNkulunkulu wengebo engenamkhawulo, ingcebo azimisele ukuyinikeza kulabo abamfuna Ngokholo nangokulalela.

**Sekuke kwathiwa i-rose noma ubungalibiza ngaliphi igama beliyonuka kamnandi, umqondo wokuthi igama alisho lutho. Kepha, bekuyoba ngakanani ukuthokomala nokuba nethemba ukuba igama likaJehovah belingu-“Nkulunkulu Ontengayo” noma “uNkulunkulu Obuthakathaka” na? Buka indimana yanamuhla. Endaweni ka-“Nkulunkulu Somandla” faka lamagama amabili. Bekuyokwenzani okholweni lwakho kanye nasekwethembeleni Kuye uma uJehovah ubengazethula kithina ngaleyondlela na? Kusenjalo, igama ‘El-Shaddai lisinekaza kanjani ukuthokomala na?**

## Kusuka kuAbram kuye KuAbrahama (Gen. 17:4, 5)

Nakuba amagama kaNkulunkulu eza nokubaluleka kwezikamoya kanye nokwemfundiso, awagcini nje ngoNkulunkulu. Amagama abantu ngezikhathi zasemandulo kwelase-Near East ayengezona nje izindlela ezingasho lutho zokubalula njengoba kuvama ukwenzeka kithina. Ukuqamba intomabaza Mary noma Susy akwenzi mehluko ongakanani namuhla. Kuma-Semite asendulo, nokho, amagama esintu ayequkethe ukubaluleka kwezikamoya. Onke amagama ama-Semite anencazelo futhi avama ukuba nesisho noma umusho omfushane oqukethe isifiso noma ukubonga ngakumazali. Ngokwesibonelo, uDaniyeli uchaza ukuthi uNkulunkulu ungumahluleli”; uJoweli achaze ukuthi “u-Yahweh nguNkulunkulu”; noma u-Nathan uchaza ukuthi “Isipho sikaNkulunkulu.” Ngenxa yokubaluleka okuhambisana namagama, amagama aye vama ukuguqulwa ukuvuzwa inguquko empilweni noma esimweni sothile.

**Buka izindimana ezilandelayo. Yiziphi izimo okubhekiswe kuzo, futhi kungani amagama aguqula kulezizimo na?**

1. Gen. 32:28 \_\_\_\_\_

2. Gen. 41:45 \_\_\_\_\_

3. Dan. 1:7 \_\_\_\_\_

Ngokomunye umqondo, nokho, akulukhuni, nasekucabangeni kwanamuhla, ukuqonda ukubaluleka kwegama lomuntu. Kunemithelela eyisinyenyela futhi, ngezinye izikhathi, esobala. Uma othile ebizwa “ngesiwula” noma “umubiza” ngasonke isikhathi, futhi uma lokhu Kwenziwa ngabantu abaningi—kungekudala lawo magama abanomthelela endleleni umuntu azibuka ngayo. Ngendlela efanayo, ngokunikeza abantu amagama athile, noma ngokuguqula amagama abo, kubukeka kungenzeka ukuba nethonya endleleni abazibuka ngayo futhi ngalokho kube nethonya endleleni abenza ngayo. Sinalokhu emqondweni, akulukhuni ukuqonda isizathu sokuthi uNkulunkulu afune ukuguqula igama uAbram libe ngu-Abraham. UAbram uchaza ukuthi “Ubaba uphakamisiwe”; uNkulunkulu waliguqula laba nguAbrahama, okuchaza ukuthi “Ubaba wabaninginingi.” Uma ubuka isithembiso sesivumelwano lapho uNkulunkulu ethi “ ‘Ngiyakwandisa kakhulu inzalo yakho, ngikwenze isizwe, kuvele namakhosi kuwe’ ” (Gen. 17:6, RSV), ukuguqulwa kwegama kwenza umqondo ongccono. Mhlawumbe kwakuyindlela kaNkulunkulu yokusiza uAbrahama ekwethembeni isithembiso sesivumelwano, esasenziwa endodeni eneminyaka engu-99 eshade nowesifazane osekhulile oweyeyinyumba. Kafushane, uNkulunkulu wakwenza lokhu ukwandisa ukholo lukaAbrahama ezithembisweni zikaNkulunkulu kuye.

## Izigaba ZeSivumelwano (Gen. 12:1, 2)

Kulezozindimana ezimbili isigaba sokuqala sesivumelwano sesethembiso kuAbrama (zintathu) sembuliwe. UNkulunkulu waya kuAbram, wanikeza umyalelo, wayesemnikeza isithembiso. Ukuya kwethula ukukhetha kukaNkulunkulu uAbram ngomusa ukuba abe ngophambili wokuqala esivumelwaneni Sakhe esikhethekile somusa. Umyalelo ufaka isivivinyo sokwethemba uNkulunkulu ngokuphelele (Heb. 11:8). Isithembiso (Gen. 12:1–3, 7), nakuba senziwe kwisizukulwane sikaAbram ngokuqondile, ekugcineni sifaka isithembiso sesintu sonke (Gen. 12:3, Gal. 3:6–9).

**Isigaba sesibili sesivumelwano sikaNkulunkulu noAbram siqhamuka kuGenesisi 15:7-18. Kukwezphi izindimana esithola kuzo ezinye zezinyathelo ezibonakale esigabeni sokuqala na?**

UNkulunkulu eya kumuntu? Izindimana? \_\_\_\_\_

Ukuba umuntu alalele? Izindimana? \_\_\_\_\_

Isithembiso sezulu? Izindimana? \_\_\_\_\_

Kwinkambiso enesizotha yesigaba sesibili, uJehovah wabonakala kuAbram futhi wadlula phakathi kwezingcezu zezilwane ezihlelwe ngokucophelela. Ngasinye kulezilwane ezintathu sabulawa futhi sahlukaniwa kabili izingcezu zabekwa eduzane nolunye, kunesikhala phakathi kwazo. Izinyoni zabulawa kodwa zangahlukaniswa. Labo ababengena esivumelwaneni kwakumele bakhulume phakathi kwezingcezu ezihlukanisiwe, ngokophawu befunga ukuqhubeka nokulalela izimiso okuvunyelwana ngazo.

**Chaza ngalokho okwenzeka ngesikhathi sesigaba sesithathu nokungesokugcina sesivumelwano Izulu elisenza noAbraham. (See Gen. 17:1–14.)**

---

Incazelo yegama uAbraham iphawula isifiso kanye nohlelo lukaNkulunkulu lokusindisa bonke abantu. “Izizwe eziningi” zazizofaka amaJuda naBezizwe. ITestamente Elisha likwenza kubesobala kakhulu ukuthi isizukulwane sangempela SikaAbrahama yilabo abanokholo lukaAbrahama abathembela ekufanelekeni kukaMesiya wesithembiso. (See Gal. 3:7, 29.) Ngalokho, ukusukela emuva kuAbrahama, ihloso kaNkulunkulu kwakungeyokusindisa abantu abaningi kangangokuba enako, nakuba bengabazphi izizwe. Ngokungangabazi, akwehlukile nanamuhla.

## Izibopho ZeSivumelwano

“ ‘Ngokuba ngiyamazi yena, ukuba uyakuyala abantwana bakhe nendlu yakhe emva kwakhe ukugcina indlela kaJehova nokusebenza ukulunga nokwahlulela, ukuze uJehova amenzele u-Abrahama lokho amthembise khona’ ” (Gen. 18:19).

Njengoba sesibonile kuze kube manje, isivumelwano njalo yisivumelwano somusa, sikaNkulunkulu esenzela thina lokho ebesingeke sakwazi ukuzenzela kona. Kunjalo nakwisivumelwano noAbrahama. Emuseni Wakhe, uNkulunkulu wayekhetha uAbrahama njengesikhali Sakhe sokumlekelela ekumemezeleni icebo losindiso ezweni. Ukugcwalisa kukaNkulunkulu izithembiso zesivumelwano, nokho, kwakuxhumene nokuvuma kukaAbrahama ukwenza ngokulungileyo kanye nokulalela Yena Ngokholo. Ngaphandle kwalokho kulalela ngakuAbrahama, uNkulunkulu wayengeke amsebenzise yena. UGenesisi 18:19 uveza ukuhlobana komusa kanye nomthetho. Uvula ngomusa (“Ngiyamazi yena”) futhi kulandele iqiniso lokuthi uAbrahama ungumuntu ozolalela uJehovah futhi enze nomndeni wakhe ulalele, ngokufanayo. Ukholo nemisebenzi, nokho, kubonakala lapha kuxhumeme kakhulu, njengalokhu kufanele (buka Jakobe 2:17.)

**Qaphela, nakuba kunjalo, indlela abhalwe ngayo uGenesisi 18:19, ikakhulu umusho wokugcina. Ithini lapha ngokulalela kukaAbrahama na? Nakuba ukulalela kungeyona indlela yokusindiswa, kubaluleka kuni okunikezwa kona lapha na? Ngokwalendimana, isivumelwano sasingafezeka ngaphandle kwako na? Chaza impendulo yakho.**

---



---



---

Izibusiso zesivumelwano zazingeke zabakhona noma zigcinwe ngaphandle kokuba imibandela ethile ifezwe yilabo ababezozuza. Nakuba lemibandela yayingadingekile ekusunguleni isivumelwano, kwakumele zibe yimpendulo yothando, ukholo, kanye nokulalela. Kwakumele zibe yisibonakaliso sobudlelwane phakathi kwesintu noNkulunkulu. Ukulalela kwakuyindlela ngayo uNkulunkulu ayengafeza izithembiso Zakhe zesivumelwano kubantu. Ukuphula isivumelwano, ngokungalaleli, kungukungathembeki ebudlelwani obukhona. Lapho isivumelwano sephuliwe, okuphukile akuwona umbandela wokunika kepha ngumbandela wokufeza.

**Kumava akho noJehovah, ungabona yini ukubaluleka kokulalela na? Ungacabanga ngezibonelo, Ebhayibhelini noma kumava akho, lapho ukungalaleli kwenza ukufezeka kwezithembiso zesivumelwano kungenzeki na? Uma kunjalo, Yiziphi, futhi, okubaluleke kakhulu, siyini isixazululo na?**

## Cabanga Kabanzi:

Funda u-Ellen G. White, “The Call of Abraham,” pp. 125–131, in *Patriarchs and Prophets*; “Jew and Gentile,” pp. 188–200, in *The Acts of the Apostles*. Uthingo lwenkosazana luwuphawu lwesivumelwano sikaNkulunkulu noNowa. Funda uGenesisi 17:10 ukuthola uphawu lwesivumelwano sikaNkulunkulu noAbrahama. Ukusoka “kwamiselwa: (1) ukwehlukana inzalo kaAbrahama kweyaBezizwe (Efes. 2:11), (2) ukuqhubeka Inkumbulo yesivumelwano sikaJehovah (Gen. 17:11), (3) ukufaka inhlanzeko yesimilo (Dut. 10:16), (4) ukumela ukulunga Ngokholo (Rom. 4:11), (5) ukuphawula ukusokwa kwenhliziyi (Rom. 2:29), futhi (6) ukubikezela umkhuba wobuKristu wokubhabhathizwa (Kol. 2:11, 12).” —*The SDA Bible Commentary*, vol. 1, pp. 322, 323. Uthingo lwenkosazana luyohlala luwuphawu lwesithembiso sikaNkulunkulu kuze kube sekupheleni komhlaba, kodwa uphawu lokusoka ngeke. Ngokukampostoli uPawule, ukusoka kwamukelwa nguAbrahama njengophawu lokulunga akwamukela ngokukholwa kuNkulunkulu (Rom. 4:11). Nakuba kunjalo, ekuhambeni kwesikhathi, ukusoka kwahamba kwaphawula ukusindiswa ngokulalela umthetho. Ngezikhathi zeTestamente Elisha, ukusoka kwasekulahlekelwe ngukubaluleka kwako. Kunalokho, isithako esingumongo wukholo kuJesu Kristu, esiholela empilweni yokulalela neguquliwe. Funda uGalathiya 5:6; Galathiya 6:15; no 1 Korinte 7:18, 19.

## Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Xoxani ngobudlelwane phakathi kokholo nemisebenzi. Kungaba khona okunye ngaphandle kokunye na? Uma Kungenjalo, kungani na?
2. “Baningi abasavivinywa njengoAbrahama. Abalizwa izwi likaNkulunkulu likhuluma emazulwini, kodwa uyababiza ngezimfundiso zeZwi Lakhe kanye nezigameko zokuhlinzeka Kwakhe. Kungadingeka bashiye imisebenzi yabo ethembisa ingcebo nodumo, bashiye Ubudlelwane bobungani nobunenzuzo, bahlukane nezizalwane, ukungena kulokho okubonakala kuyindlela kuphela yokuzidela, ubunzima, kanye nokuzinikela. UNkulunkulu unomsebenzi wokuba bawenze; kodwa impilo yokunethezeka kanye nethonya labangani nezizalwane bekungavimbela ukukhula kwezimpwawu ezingumongo ekufezeni umsebenzi. Ubabizela kude namathonya esintu kanye nosizo, futhi abaholele ekuzweni isidingo sosizo Lwakhe, kanye noncike Kuye kuphela, ukuze azembule Yena kubo. Ngubani okulungele ukubizwa nguMhlinzeki ukuba ashiye izinhlelo zakhe kanye nalabo ajwayelene nabo na?” —Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, pp. 126, 127. Xoxani ngezibonelo Zamanje zalabo obaziyo abasabela ubizo olufanayo.

**Isiqoqo:** UNkulunkulu wabizela uAbrahama ebudlelwaneni obukhethekile kanye Naye, lobo obabuzokwembulela izwe icebo losindiso.